Kulezinto ezintathu zokukhulekela ezipvezwe yi Testament elitsha. Okokuqala, Sifunda ukukhulekela ngokungazi. Lapho uPhawuli ephakathi kwiegquma lika Mare -e Athene, wabona izithombe ezinengi ezimzungezileyo, wathi, “Ngoba ngithe ngihambahamba, ngabona izithombe zenu, ngaze ngafumana I-alithare elilombhalo othi: KUNKULUNKULU ON-GAZIWAYO. Manje-ke lokho elikukhonza njengolutho olungaziwayo yiko engizakutshumayela kini (Imisebenzi 17:23). Njengoba nje babekhulekela ngokungazi ngaleso sikhathi , abanengi bayenza okufanayo namuhla. Zinengi izigidi ezikhothamela izithombe lezithombe, kodwa izigidi ezinengi ezangezelelwayo zilandela imikhuba yencolo ehlukahlukeneyo ngenxa yokungazi imibhalo.

Okwesibili, ilizwi leNkosi likhuluma ngalabo abakhulekela iyize. Ukhristu wathi, “Bangikhonza ngeze; izimfundiso zabo yimithetho kuphela efundiswa ngabantu” (Mathewu 15:9). Inengi labantu likhuleka ngaleyo indlela efana lanamuhla. Bakhuleka eNkosini, kuliqiniso, kodwa ukukhuleka kwabo kuyize kumbe kuyize ngoba kuvumelana lezimfundiso lamasiko abantu kulokuthi kuvumelane lentando ka Nkulunkulu.

Okwesithathu, ilizwi lika Nkulunkulu likhuluma ngokukhuleka okweqiniso. Sifunda ngamazwi ka Khristu,” uNkulunkulu ungumoya: njalo labo abamkhonzayo kumele bamkhonze ngomoya langeqiniso” (Johane 4: 24). Yileyo kuphela indlela uNkulunkulu azakuyiyamukela. Kuliqiniso ensukwini zika Khristu futhi kuliqiniso lanamhlanje. Ukukhuleka okuqondiswe kuNkulunkulu ngomoya (ngokuthobeka langokuqonda) langeqiniso (njengoba kuloshiwe). uNkulunkulu akaphoxi muntu ukuba amkhonze. Kodwa labo abamkhonzayo kufanele ukuthi bakwenze ngentando yakhe.

1. Bahlangana ukuze bafunde. Lanxa u Thimothi wafundiswa imibhalo esesemncane (2 Thimothi 3:15) uPhawuli wamtshumayeza njengo mtshumayeli omutsha,” Yenza ubungcono bakho ukuze uzethule ku Nkulunkulu njengokulotshiweyo, isisebenzi okungaswelekiyo ukuba sibe lenhloni njalo es-

iliphatha kahle ilizwi leqiniso” (2 Thimothi 2:15). Lokhu kungasebenza kuwo wonke ama Khristu njalo ikakhulukazi lapho nxa ehlangana njengokukhonza. Lesi yiso isikhathi lapho uNkulunkulu ekhulumu labantwana bakhe nge-lizwi lakhe. Imisebenzi 20:7 sifunda ngo Phawuli etshumayela kubazalwane njengendalela yokufunda ilizwi lika Nkulunkulu.

2. Bakhuleka. Ngemva kwabantu sebamukele iNkosi ngosuku lwe Phen-takhosti, Siyafunda, “Bayikhuthalela imfundiso yabaphostoli kanye lobudlel-wano, lokuhlephuna isinkwa lokukhuleka” (Imisebenzi 2:42). Ngokukhuleka abantu beNkosi baletuba lokukhuluma kubaba wabo osezulwini. Lok-ho amakhristu angakucabanga ngokuhlangana lamanye amakhristu ukuze akhuleke njalo bangazibandakanyi emthandazweni.

3. Bahlabelela izingoma. uPhawuli wabhalela abazalwane bakhe, “Khulumisananini ngamahubo, lamaculo kanye langezingoma zokomoya. Hlabelelani lenzele iNkosi imiculo ezinhлизиweni zenu” (kwabaseFesu 5:19). Ubale njalo laku Kholose 3:16 njalo laku Hebheru 13:15. Kulemihlobo emibili yokuhlabelela. Omunye uyaphumisela njalo omunye ungumtshina. Kanti uNkulunkulu yena ufunu umhlobo onjani wengoma? ufunu umculo weliz-wi. uPhawuli wathi yena kufanele sihlabeleleu Jehova enhлизиweni. Lokhu-ke kuqeda umculo wemitshina. Amakhristu akuqala ahlabelela bedumis-auNkulunkulu. Ngemva kwesikhathi umuntu wangezelela ngeculo lomtshina ,kodwa uNkulunkulu kazange wakugcoba lokho njalo uNkulunkulu kasoke akuvumele lokho. Amakhristu ngezake akhonze uNkulunkulu ngengoma zomtshina futhi kulokuthi bamdumise ngemikhuleko engelangqondo.

4. Bahlangana uzokudla isidlo. Silaso isibonelo esisencwadini yemisebenzi 20:7. Ku Mathewu 26:26-28 laku 1 Khorinte 11 siyafundiswa ngo-kuthabatha isinkwa sikhumbula umzimba ka khristu njalo siyathabatha inkezo, kumbe isithelo sevini, sikhumbula igazi lika Jesu khristu. Kumele sik-wenze kuze kube namhlanje.

5. Banikela izimali zabo. u Phawuli waxwayisa abazalwane abese Gal-athiya labase Khorinte, “Ngosuku lokuqala lweviki akube yilovo lalowo azibekeli njengokuzuza kwakhe, ukuze kungabi yisikhathi somnikelo nxa ngifikasiyo” (1 Khorinte 16:2). Ngakhone ubale lo 2 Khorinte 9:7.

Amakhristu akuqala ayehlangana ngosuku lokuqala maviki wonke. (Imisebenzi 20:7; 1 Khorinte 16:2) ukuzokhonza u Nkulunkulu. Baxwayiswa, “Kasingakuelei ukuhlangana, njengalokhu abanye abajayele ukukwenza, kodwa kasikhuthazane -ikakhulu njengoba libona usuku lusondela” (Heb-heru 10:25). Amakhristu namuhla kufanele ukuthi ahlanganye emsebenzi-ni wokukhonza ofanayo langosuku olufanayo. Ukuhonza ngesonto kulula

kakhulu njalo kuze kube sezingeni elokuthi abanengi bayakhubeka ebulu-leni bakho. Bacabanga ukuthi kufanele kubekude njalo kudonswe esikweni kumbe emikhubenji eminengi, kwenza imisebenzi eyisicefe, bephindaphhin-da imithandazo, njalonjalo. Kodwa akunjalo. uNkulunkulu uyembule intan-do yakhe ngokuphathelene lokukhonza njaloakanikezwanga umuntu ukuba ayiguqule noma kancane. Ngeke kwengezwe kumbe kukhitshwe ngaphan-dle kokuba isiqalekiso se Nkosi simenyezelwe kulabo abenza kanjalo. uNku-lunkulu ukhulumile, njalo labantu bakhe kumele balalele. Yiso leso kuphela isikhathi uNkulunkulu angakhonzwa, adunyiswe njalo adunyiswe.

Imibuzo

Sicela unike impendulo eqondileyo:

1. Ukuthi ibandla lenziwa ngani?
2. Yikuyini injongo yebandla?
3. Yikuyini okumele kwenziwe ebizweni leNkosi?
4. Mingaki imihlobo yokukhonza esibala ngayo ku Thestamenti elitsha?
5. Wayengaphi u Phawuli aze anenzelele ngezithombe ezinengi?
6. Wathuni ngokukhonza kwabo?
7. Bakhona yini abantu abakhonza ngendlela efana laleyi?
8. Ngubani owathi babekhonza uNkulunkulu yize?
9. Kungani ukukhonza kwabo kwakuyize?
10. Nikeza okukhonjwa ngumbhalo?
11. Bakhona yini abantu abakhonza uNkulunkulu yize?
12. Yikuyini ukukhonza kweqiniso?
13. Bhala ngo Johane 4:24.
14. Kutshoni ukuthi ukukhonza u Nkulunkulu ngomoya?
15. Kutshoni ukuthi ukukhonza u Nkulunkulu ngeqiniso?
16. Yiwuphi umhlobo wokukhonza u Nkulunkulu awuvumelayo ebantwini?
17. Kungaphi lapho esibala khona ngendlela okumele abantu baka Nku-lunkulu bakhonze ngayo ?
18. Nika imibandela emihlanu yokukhonza?
19. uNkulunkulu ukhuluma njani lomuntu namhla?
20. Abantwana baka Nkulunkulu bakhuluma njani lo Nkulunkulu?
21. Mingaki imihlobo yengoma ekhona?
22. Qamba imihlobo yengoma evunyelwa ngu nkulunkulu?
23. Yikuyini isidlo se Nkosi?

- 24.Yiluphi usuku lweviki okumele amakhristu bahlangane ngalo?
- 25.Uhlelo luka Nkulunkulu lokukhonza lungengezwa kumbe ukukhitshwa na?

Isifundo Sesitshiyagalolunye **Umsebenzi Webandla**

Kungani ibandla likhon? Kuyini injongo yalo? Yiwuphi umsebenzi walo? Ukuze sithole impendulo, kumele siye elizwini lika Nkulunkulu.

Okwakuqala asiqaphele ukuthi ibandla alikho ebhizimisini lezwe, liphathe futhi izikolo lezibheddlela. Njalo alikho ebhizimisini yokuthengisa amabhuku ngenjongo yokwenza imali. Ngokuba zonke lezi izinto zingaze zibe zinhle, njalo umkhristu ngamunye ngokuqinisekileyo ulelungelo lokuhlanganelo kulo, ayisiwo ke lowo umsebenzi webandla olula. Okunye njalo kakhulu ilizwe lezinkolo seligqile kakhulu emisebenzini enjalo ngakho ngaleyondlela lithethe elinye igxathu eliphumileyo ehlelweni lwebhayibhili lenjongo yomsebenzi ka Nkulunkulu wabantu bakhe.

1. Uktshumayela ivhangeli. Ukhristu wafundisa abafundi, ngemva kokuvuka kwakhe njalo laphimbili nje kokwenyuka kwakhe ezulwini,” Nga-kho hambani lenze abafundi ezizweni zonke, libabhabhathize ebizweni lika-Baba,leleNdodana, lelikaMoya oyingcwele, njalo libafundise ukulalela konke engililaye ngakho. Ngempela ngilani kokuphela, kuze kube sekucineni kwesikhathi” (Mathewu 28:19,20). “Wathi kubo, Hambani emhlabeni wonke litshumayele ivhangeli kukho konke okwadalwayo. Loba ngubani okhol-wayo abhabhathizwe uzasindiswa, kodwa lowo ongakholwayo uzakulahlwa” (Makho 16:15,16). Ngemva kwalokho u Phawuli wasekhuthaza omutsha u Thimothi, “Tshumayela ilizwi; lungisela ngesikhathi esifaneleyo langesikhathi esingafanelanga; lungisa, ukhuze njalo ukhuthaze - ngokubekezelela okukhulu langokulaya ngokunanzelela” (2 Thimothi 4:2). Amanye amavesi anganikezwa kodwa lawa ayisisekelo abonisa isifiso seNkosi sokuba ivhangeli lifundiswe.

Lenzani ibandla ngezinsuku zaba Phostoli? Amalunga enza lokho iNkosi eyabacela ukuthi bakwenze. Batshumayela ilizwi. Incwadi yemisebenzi, isi-bonelo, zingcele izibonelo zalokhu, kuzo zonke ingxoxo lezi, umtshumayeli wayekhona ukuze afundise intando ka Nkulunkulu. Bala Imisebenzi 2, 8, 9, 10, lo 16. Kodwa ngobani ababetshumayela lokufundisa? Ngemva kokuhlu-kuluzwa okukhulu okwehlelaabantu be Nkosi e Jerusalema, Umbhalo uthi: “Labo ababehlakazekile balitshumayela ilizwi loba kungaphi abaya khona”

(Imisebenzi 8:4).

Okulandelayo, Batshumayelani? Ngakho, okumele ukwenze nje yiku-funda okuse ngxoxweni yencwadi yemisebenzi njalo uzazibonel wedwa. Kodwa ngamafitshane, bafundisa ubungcwele buka khristu, ukuthi yini ofan-e uyenze ukuze usindiswe, ukubaluleka kwebandla. Entweni zokukhonza, ukubaluleka kwempilo yobukhristu. Njalonjalo. U Phawuli wafinqeza ngo-kuthi, “Ngoba ilizwi lesiphambano liyibuthutha kulabo ababhubhayo, kod-wa kithi abasindisiwego lingamandla ka Nkulunkulu” (1 Khorinte 1:18).

Ngaphandle outhi u Jehova wayala ukuba ilizwi lakhe litshunyayelwe, u Phawuli uthi ukukholwa kuvela ngokuzwa ilizwi lika Nkulunkulu (kwabaseRoma 10:17). Waphinda futhi ukhristu wathi, “Ngakho lizakwazi iqiniso, njalo iqiniso lizalikhulula” (Johane 8:32). Njalo, “Pho, bangakhuleka kan-jani kulowo abangakholwa kuye? Njalo bangakholwa kanjani kulowo abangazake bezwe ngaye na? Njalo bangezwa njani kungekho otshumayela kubo na?” (kwabaseRoma 10:14). Konke lokhu kutsho ukuthi umuntu ulahlekile (kwabaseRoma 3:23; 6:23), ngakho uthando luka Nkulunkulu kumele lut-shunyayelwe (kwabaseRoma 5:8), okutshengisa ukuthi umuntu ulaye umsindi-si (Johane 3:16), lokuthi ngokulalela u Nkulunkulu umuntu angasindiswanga yindodana yakhe (kwabaseRoma 1:16,17; Makho 16:15,16). Labo abange-lalwazi ngentando ka Nkulunkuku loba abangayilaleliyo bayalahlekha (2 The-salonikha 1:7-9). Ngakho ilizwi lika Nkulunkulu kumele litshunyayelwe.

2. Ukuncedisa abayanga. Silezibonelo elizwini leNkosi ezitshengisa ukuthi ibandla lalikhathazekile ngalabo ababedinga usizo, njalo babesizwa njengoba kwakukukhona indlela yokwenza lokho. Imisebenzi 2:45 siyabala, “Bathengisa izinto zabo lezimpahla zabo banika loba ngubani oswelayo.” Lokhu bekuyinkululeko yokuzikhethela, yebo, Kodwa futhi ebhukwini lemise-benzi 6 sifunda ngengxabano eyabakhona phakathi kwama Grikhi lamaHeb-heru ngenxa yokuthi abafelokazi bama Grikhi babenganakwa enkonzwensi ngezinsuku zonke. Ukuze bekhethwe ukuphatha lezi zigaba zomsebenzi we-bandla.

Sifunda ngo Phawuli esiya e Jerusalema ukuze asize abangcwele abas-welayo lapho, Uyaqhube ka esithi, “Ngoba abeMakhedoniya labe-Akhayiya kwabathokozisa ukubanika usizo abayanga phakathi kwabangcwele e Jerusa-lema” (kwabaseRoma 15:26). Ngakho u Phawuli ubhalela abazalwane base Khorinte, “Mayelana lomnikelo obuthelwa abangcwele baka Nkulunkulu, njengoba ngalayela amabandla ase Galathiya, yenzani njalo ke lani. Ngo-suku lokuqala lweviki akaube yilowo lalowo azibekele aqogelele njengokuzu-za kwakhe, ukuze kuthi ekufikeni kwami kungabi yiskhathi somnikelo” (1

Khorinte 16:1,2).

Ngubani okumele aphiwe uncedo? Ngokwemvelo, Ngabaswelayo ebandleni, okokuqala: Abangathi bampofu, abantu abadala. abafelokazi, izimo eziphuthumayo, izintandane ezingamakhristu, njalonjalo. Siyafunda, “Ngakho-ke njengokuba silethuba, asenzeni okulungileyo ebantwini bonke, ikakhulu kulabo abangabemuli yabakholwayo” (Galathiya 6:10). Kodwa kayisuye wonke umuntu ozasizwa. Ku 1 Thimothi 5 siphawula ukuthi njalo umuntu kufanele ukuthi asizwenjalo kuphela lapho lowo muntu engakwazi ukuzisiza, engelasihlobo esingamsiza, ngokuthi lowomuntu kumele asizwe, lomuntu kumele atshingise ukuthembeka. Ngakho imali ye Nkosi kumele isetshenziswe ngokutshiyana, ingaphombukuphiwa loba ngubani oyicelayo.

Ayisiwo kuphela amalunga ebandla okumele asizwe kodwa bonke abantu abafanele ukusizwa bengasizwa uba nje ibandla lilawo abandla okubasiza. Bala u Jakhobe 1:27 kanye lo Jakhobe 2. Leyi ke yindlela yokufinylela abantu nge vhangeli.

Kodwa zivelangaphi izimali zokuyenza umsebenzi onjalo? zivela kubazalwane, njengoba bezimisele ukunikela (1 Khorinte 16:1,2; 2 Khorinte 9:6,7). Lokho kutsho ukuthi uba amakhristu esehluleka ukunikela, ibandla ngeke linikezweindlela yokusiza labo abaswelayo.

3. Ukuqinisa ibandla. Ukwakha kutsho ukuthi ukwakha, ukuqinisa ukukhuthaza, ukisiza amalunga ebandla ukuba akhule ngokomoya. Yiziphi ezinye izinto ezakhayo? ilizwi lika Nkulunkulu, ukuhlanganyelana ekukhonzeni, ukusizana, imisebenzi emihle, uthando, njalonjalo. Bala imisebenzi 9:31; kwabaseRoma 14:19; 1 Khorinte 8:1; 1 Thesalonikha 5:11; 1 Khorinte 14:26; 2 Khorinte 12:19; kwabaseFesu 4:12.

Ekuphetheni, abantu abanengi bayazibuba ukuthi ibandla lienza kajani lezizinto kungela mhlangano womhlaba wonke, ngaphandle kwenda engasokhanda lebandla, njalo ngaphandle kokuqoqwa kwezikhwama ezikhethekileyo. Kodwa indlela ye Nkosi iyindlela engcono kakulu, kuphela indlela yokwenza umsebenzi wayo. uNkulunkulu angadunyiswa, adunyiswe njalo akhazimuliswe kuphela nxo lapho senza intando yakhe futhi njalo afeze injongo yethu yokuba lapha. Ukhristu uyinhloko yebandla. Kanye lebandla linye ngalinye, njalo ngelunga ngalinye, kufanele lenze ingxenyelalo. Ngakhoke ibandla lingenza umsebenzi walo kuphela njengoba amalunga benikela ngezinto zabo ukuze enze lokhu kwenzeke.

Ukutshumayela, ukusiza abaswelayo, ukwakhiwa kwamalunga, konke kuyinjongo yokusindisa imiphefumulo yabantu njalo lasekugcineni. uNkulunkulu makadunyiswe kukho konke. Ibalandla kalilawo umsebenzi ngaphan-

dle kwalo. Ezombusazwe, amabhizimisi, lokuguqula ibandla ukuba liqaphele umhlangano wezenhlalakahle yinto engavamanga elizwini lika Nkulunkulu. Ibandla le Nkosi lingumzimba kamoya, lisemhlabeni kodwa kasilo lomhlabo, lifuna ukulalela uNkulunkulu lokusebenzelana lomuntu, njalo lingcwele, kube lensindiso kuwo amalunga alo, njalo kube khona inkazimulo kuye um-dali walo. Leli libandla leNkosi, lingumsebenzi, futhi lilenkangelelo yalo.

Imibuzo

Sicela unike impendulo eqondileyo:

1. Ibandla leNkosi alilamsebenzi kuyiphi ibhizimusi?
2. Emhlabeni wezinkolo olecalo lokuzifaka ezinhlotsheni ezahlukeneyo zebhizimisi ukuze ngithole inzuko?
3. Yiwuphi umsebenzi webandla?
4. Nikeza umlayo weNkosi kuMathewu 28:19-20 laku Makho 16:16?
5. Tshono ukuthi kuyini amakhristu akuqala akwenzayo lapho bezihlakazile phetsheya?
6. Yiziphi ezinye izinto ezatshunyayelwayo?
7. Ukholo lubuya njani?
8. Yikuyini okusenza sikhululwe?
9. Umuntu angasindiswa njani?
10. Ngubani ozalahlw?
11. Ibandla liyananjelela yini labo abadinga uncedo?
12. Ngubani owanikela kulabo abadinga uncedo kubazalwane abangabaya-
ga e Jerusalema?
13. Bonke kumele bencedwe yini?
14. Yiliphi iqembu labantu okumele lincediswe kuqala?
15. Nikeza imikhawulo ngokusiza?
16. Lalabo abangaphandle kumele bencedwe yini?
17. Imali leyo eyokusiza kumele ivele ngaphi?
18. Kumele imali le iqoqwe nini?
19. Chaza ibala elithi ukuqinisa?
20. Yiziphi ezinye izinto eziqinisayo?
21. Unkulunkulu engadunyiswa njalo ehlontshwe njani?
22. Ngubani ikhanda lebandla?
23. Yikuyini injongo yomsebenzi webandla?
24. Ibandlalingelasemhlabeni?

25. Kuyini kwezombangazwe, ezebhizimusi, njalonjalo, okwangaphandle?

Isifundo Setshumi Ukubambana Kwebandla

Ilizwe lezinkolo zanamuhla libonakala likhathazekile kakhulu ngaphe-zulu kokubambana kwebandla. Inhlangano yamabandla ibambe umcabango womuntu indawo yonke. Isizatho salokho yikuthi kulokwahlukana okunengi ngokukholwa emhlabani, njalo okunye yikuthi bonke bakhathele kikho. Ngalohoke ukubambana akusoze kubangelwe yizindikimba zenkolo zamadoda zivumelana njalo zingavumelani. Ukwehlukana kusazabakhona ngaphezulu kweqiniso lokuthi kungabikhona izinga elithile elihlanganayo kumbe elizwananayo. Pho ithini impendulo? Impendulo itholakala eBhayibhelini ngokwalo. Ukuze ukubambana kweqiniso kube khona abantu kumele babeke phansi izimfundiso zabo, amabizo abo, amabandla abo, izincwadi zokukholwa kunye, njalo bathathe iBhayibheli, balifunde njalo balibale, balikholtwe futhi balilalele. Ngakhoke kungabakhona ukubambana okwangeqiniso, uhlobo iNkosi eyaluthandazela ku Johane 17. Lapho abantu abenza lokhu, bonke bayakholelwa entweni efanayo, bonke balalela imfundiso efanayo, -bonke bagqoke ibizo elise Bhayibhelini, bonke basebenze ndawonke, bonke bafundise okufanayo, njalo bonke bahambe ezulwini ndawonye. Kuyaba lula kakhulu ukuthi kube lokubambana lapho umuntu engayekela ukulandela umuntu njalo eqale ukulandela ukhristu.

Imibhalo iyaphikisana lokwahlukana. iBhayibheli lithi uNkulunkulu uyabazonda abahlanyela ukwahlukanakumbe lokungazwani phakathi kwa-bazalwane (Izaga 6:19). Ku 1 Khorinte 1 sitshelwa ngebandla lase Khorinte elahlukana phakathi. Endaweni yokunqoba leyonto, umphostoli uPhawuli wathatha izinyathelo ngokushesha ngokubhidliza impande ezibangela lokho. Waqala ngokuhi, “Ngiyalincega, bazalwane, ngebizo le Nkosi yethu u Jesu khristu, ukuba lonke livumelane ukuze kungabi lokudabukana phakathi kwenu lokuthi libe ngabamanyeleyo engqondweni lasemcabangweni” (1 Khorinte 1:10). Waseqhubeleka phambili ngokubuza imbuzo emithathu, Phakathi kwayo omunye ubonisa ukuthi imisebenzi yabo ingamanga. Imibuzo ithi: Ukhristu uhlukene na? u Phawuli wabethelwa esiphambanweni ngenxa yenu na? Labhabhathizwa ebizweni lika Phawuli na? Phakathi kwezinto zonke lezi ezintathu kwakumele baphendule ngendlela ephikisayo. Ngakhoke wabatshengisa ukungabi lengqondo ngokwehlukana kwabo.

Ofanayo umphostoli uPhawuli wathi kubazalwani baseRoma, “Ngi-

yalincenga, bazalwane, ukuba liqaphele labo abadala ukwahlukana bebeka izivimbelo endleleni yenu ,okuphambene le mfundiso elayifundiswayo. Bax-wayeni. Ngoba abantu abanjalo kabakhonzi Nkosi yethu uKhristu, kodwa izinkanuko zabo. Ngenkuluno emnandi langobuqili bakhohlisa izingqondo zabantu abayiziphukuphuku” (kwabaseRoma 16:17,18). KwabaseKholose 2:20-22, wathi yena, “Ngengoba lafa lo Khristu ezimisweni zalo umhlaba ezi-yisisusa, kungani ,ngokungathi lilokhu lingabawo lizibeka ngaphansi kwemithetho yawo yokuthi, Ungabambi ‘unganambhithi’ ‘ungathinti’. Konke lokhu kumiselwe ukuqedwa yikusetshenziswa, ngoba kweyame phezu kwemilayo yabantu lemfundiso yabo?”

Konke lokhu kutsho ukuthi imfundiso zabantu, imfundiso lemilayo ebantwini, ukuphakamisa abantu, ukwamukela lokulandela imibhalo engaphandle kwe Bhayibheli, yizinto ezibangela ukwehlukana. Ngezinyindlela ukubambana kungabakhona futhi kungatshunyayelwa kuphela. Njengoba umuntu elandela uKhristu owathandaza,” Umthandazo wami ayisiwo wabo bodwa. Ngikhulekela njalo labo abakhola kimi ngenxa yobufakazi babo ,ukuthi bonke babemunye, Baba, njengoba wena ukimi lami ngikuwe. Sengathi labo bangabakithi ukuze umhlaba ukholwe ukuthi ungithumile” (Johane 17:20,21). Sokungani uKhristu wakhulekela into engasoke iyenzakale ? Ngeke, ngeqiniso kungaba khona ukubambana nini? Lapho silandela ukhris-tu. Imfundiso yomuntu iyasehlukanisa kodwa imfundiso ye Bhayibheli iyasi-hlanganisa.

KwabaseFesu 4:1-6 silindlela yokubambana. Lalela: “Ngakho, njen-gesibotshwa seNkosi, Ngiyalincenga ukuba liphile impilo efanele ukubizwa elakwamukelayo. Wobani ngabathobekileyo labamnene okupheleleyo; beke-zelani libekezelane ethandweni. Zamani ngamandla wonke ukugcina ukumanjana kukaMoya ngesibopho sokuthula. Kulomzimba munye loMoya munye -njengalokho labizelwa ethembeni linye ekubizweni kwenu. iNko-si yinye, lokholo lunye, umbhabhathizo munye; uNkulunkulu munye uyise wabo bonke, ophezu kwabo bonke, ongabo bonke njalo okubo bonke.” Nan-zelela ukuthi lesi yisicelo sokubambana. Nanzelela njalo, ukuthi kulento eyodwa kuphela ezibaliweyo. Ngubani owake wacabanga ukuthi kwakukhona ezingaphezu kweyodwa?

Ukubambana kwebandla kubonakala ngokuthi ukhristu wathi uzak-wakha ibandla lakhe (Mathewu 16:18). Kutsho ukuthi lungumzimba wakhe kaMoya (1 Khorinte 12:27), Lokuthi uyinhloko yalo (kwabaseKholose 1:8). Ngeqiniso umuntu ngeke asole ukhristu ngokuthi ulemzimba embili kum-be amakhanda amabili. Ibandla liyafananiswa lendlu ka Nkulunkulu kumbe

imuli kaNkulunkulu (1 Thimothi 3:15). Kodwa zingaki izindlu kumbe imu-li? Yiqiniso. Sifunda ngombuso ka Khristu kumbe umbuso kaNkulunkulu, uKhristu uyiNkosi (Johane 3:3-5 ; Kholose 4:10; 1 Thimothi 6:15). Mingaki imbuso yeNkosi njalo zingaki iNkosi na? Iyodwa kuphela kungaba ngaphi.

Ngempela iBhayibheli limelana lawo wonke umcabango wenkolo zokuhlelwa, okungabayikwahlukana. Ngezinye indlela liyafanisela ngokubam-bana, ngokubandawonye, ukuphelela kanye lokuphelelisa. Ngoba iBhayibhe-li alitshengisi ibandla njenge ndikimba eiyimfihlakalo eyakhwe yibo bonke abantu benkolo kungadingakali ukuthi yiphi inkolo lemkhuba yabo. Ibandla lifaniswa njengelika Khristu, elakhelwa ababiziweyo, labo abalandela ukhris-tu labalalela imfundiso yakhe, abasindisiweyo. Ukhristu kahlukaniswanga lebandla lakhe kalihlukaniswanga. Ukwahlukana kumbe ukusekela ukwah-lukana kumbe ziphi indlela zokuphikisana lokhristu ngalokho akuthandaze-layo.

Imibuzo

Sicela uphe impendulo egcweleyo:

1. Ingabe ikhona yini indawo namuhlala emayelana lokubambana kwebandla?
2. Kuyini isizatho esitshengisa kangaka ngokubamabana?
3. Kuyabe kubekhona yini ukubambana lapho nxa imizimba yezinkolo ivu-ma Lokungavumelani?
4. Yiphi impendulo ngokubambana?
5. Kuyini okumele kwensiwe ukuze kube lokubambana?
6. Ngubani owathandazela ukuthi sonke sibe munye?
7. Yiphi impumela ngokubambana?
8. Imbhalo iyaphikisa yini ngokwahlukana?
9. iNkosi izonda umuntu onjani?
10. Bhala ngo 1 Khorinte 1:10.
11. Nikeza imbuzo emithathu u Phawuli owayibuza ibandla lase Khorinte.
12. Yiliphi iqembu labantu okumele lihlolwe?
13. Bakhonza bani?
14. Kumele sibanqabele yini?
15. Ngubani -ke lowo okhonzela iNkosi yize?
16. Ukhristu wathandazelani?
17. Wakhulekela into ezingayenzakaliyo yini?
18. Nikeza indlela yokubambana?

19. Mangaki kulelo lalelo?
- 20 Ukhristu wayakha amabandla amangaki?
21. Kuyini ibandla?
22. Ngubani oyinhloko yalo?
23. Ukhristu ulamakhanda amanengi kumbe imzimba emnengi?
24. iNkosi ilezimuli ezingaki?
25. Ilizwi lika Nkulunkulu liyasibambanisa na kumbe liyasiyehlukanisa?

Isifundo Setshumi Lanye Ukholo lwebandla

Ibala elithi ukholo livela egamini lelathini, Khrido, njalo liyachasiswa kanye “Inkokhelo”, Indlela egunyeziwego yezinkolo, loba yiphi yendlela kumbe isivumo sezinkolo, isifinquo sezimiso loba imbono evunywayo kumbe enam-athelalana layo. IBhayibheli. Ngaphezu kwalokho, ibandla ngalinye elenziwe ngumuntu lilokholo lwalo olwenziwe ngendlela yemibhalo yabo, ukholo, njalonjalo, konke lokho kwengeziwe elizwini lika Nkulunkulu.

Mhlawumbe kungakhethwa ukuthi loba yiphi incwadi yokholo ethwele okumgaphezu kweBhayibheli, iqukethe okunengi kakhulu. Kungabayiphi incwadi yokholo ephethe okungaphansi kwebhayibheli, iqukethe okuncane kakhulu. Ngakho loba yiphi incwadi yokholo equkethe lutho ngaphandle kweBhayibheli. Yize ngoba kade sabalalo iBhayibheli. Isambulo 22:18,19 lakwabaseGalathiya 1:6-9 kugcizelela iqiniso lokuthi akumelanga sengezelele elizwini lika Nkulunkulu, akumelanga siphungule kulo njalo akumelanga sikhuphe kulo, ngamanye amazwi, Imbalo iphelele (2 Thimothi 3:17-18), Iphelele (Jakhobe 1:25) njalo kumele sikhulume kuphela lapho okulamazwi kaNkulunkulu khona (1 Phethro 4:11). Ngakho ke akukho ndingeko yokungezelela imibhalo kumbe imibhalo egunyaziwego.

Ilizwe lezinkolo liyaphikisana lamuhla kungayisikho ukuthi abantu bal-andele ilizwi likaNkulunkulu kodwa ngoba bemukele ukukholwa kwabantu. Kuyaphikisana ngokuthi ibandla ngalinye kumele libe lezimiso zalo zomthetho njalonjalo. Lokhu kodwa nje kuyavuma ukuthi iBhayibheli lilahliwe. Kuyad-abukisa kangakanani ngakho ke isicelo sethu yikuthi wonke umuntu alahle imibhalo eyenziwe ngabantu njalo abuyelete eBhayibhilini eliyilizwi likaNkulunkulu. Ngeke lisehlukanise kodwa uKhristu Jesu uzakusihlanganisa.

Kuyini ukholo lwebandla lweNkosi? Asila msindisi kodwa nguKhristu kuphela njalo asila isivumo sokholo kodwa iBhayibheli. Imbono lembono eyokukholwa yize. Asilayo ingcazeloye eyimfihlo eBhayibhelini kumele silalele

imfundiso yalo sibesesitshengisa labanye. Siyaxwayiswa kuye wonke umuntu ukuze alifunde njalo alibale (Johane 5:39; 2 Thimothi 2:15), ngakho sicela abantu kuyo yonke indawo ukuba balifunde bayenze elikufundisayo.

Asilawo amabhuku angezelelweyo kumbe amabhuku esiwalandelayo. Asikholelwa ukuba kungaba lendoda ephilayo engabhala Imbhalo elemithetho lezimiso ezingalingana leBhayibheli. Asikholelwa ukuba uJehova wanika loba ngubani ilungelo elokubhala imbhalo enjalo. Asikholelwa ukuthi ukhona umoya ophefumulelwe ukuba ubhale imibhalo enjalo ilizwe likaNkulunkulu kanye lelizwi likaNkulunkulu kuphela elavela kuNkulunkulu eliphefumulelwe nguNkulunkulu njalo elimgasindisa ngaphezu kwalokhu,ilizwi likaNkulunkulu elizasahlulela ngosuku lokucina (Johane 12:12,48). Ngeke uthole iqiniso ngaphandle kokuthi uhambe emthonjeni weqiniso ngakho ke ukuze ukholwe iqiniso kufanele uzwe iqiniso (kwabaseRoma 10:17) kuyaman-galisa manje ukuthi kulokwahlukana lokudideka okungaka ezweni lezinkolo. Umuntu aye emuntwini ukuze athole usizo endaweni kaNkulunkulu. Umuntu usuke waphendukela emfundisweni zabantu endaweni eyombhalo oseBhayibhelini. Ngakho ke ngeqiniso umuntu kumele abuyelete eBhayibhelini ukuze asindiswe.

Singakhuthaza umuntu ukuthi abale iBhayibheli ukuze afunde iqiniso ngebandla. Maningi amabandla engingathi asemhlaben*i* yiliphi eleqiniso? Omunye engayenza isifundo ese hlukeneyo lesomunye yini? Ngitsho umuntu kabale ibhuku elikhulum*a* iqiniso ngebandla leNkosi, ngeke abelohlupho lokuthola ibandla elilandela imfundiso yeBhayibheli.

Singamkhuthaza umuntu ukuthi aye eBhayibhelini ukuze afunde iqiniso lokuthi yini okumele akwenze ukuze asindizwe. Zinengi izindlela zokusindiswa, ngokwemfundiso yabantu, kodwa uba umuntu ebala umbhalo kaNkulunkulu kuzaba lula kuye ngoba wathi umuntu kufanele azwe iqiniso, alikholwe, aphenduke ezonweni zakhe, avume uKhristu njalo abhabhatizwe ukuze athethelelwe izono (Makho 16:15,16; Imisebenzi 2:38) kwenza mahluko bani lokho okutshiwo ngumuntu? INkosi yiyo esindisayo ngako ke umuntu kufanele ezwe njalo amlandele ukuze amsindise.

Kufanele sikhuthaze umuntu ukuba abale iBhayibheli ukuze anazelele indlela yokukhonza uNkulunkulu. Okuphambene lalokhu okutshiwo ngumuntu zinengi izindlela zokukhuleka. IBhayibheli lisifundisa ukuthi yinye kuphela indlela njalo uJehova uyichasisile indlela elizwini lakhe (Johane 4:24).

Akukho kuphela emicijwени leyi kodwa yonke leyo micijo iphathe-lani lensindiso lokuphila kanye lokumesaba uNkulunkulu. Singanxusa wonke umuntu ukuba abale iBhayibheli ukuze athole iqiniso ngalo. Ngesikhathi

umuntu etshiya umbono wokuthi iBhayibheli aliqondwa njalo ngokuqiniseka ukuthi aliqondwa ngokufaayo lokhu akusikho iqiniso. USathane ufunu ukuba umuntu ahlale khatshana leBhayibheli ukuze alahleke kodwa ukuze asindiswe kumele eze kulo alikholwe njalo alivumele libe ngelakhe ukuze aqondise ez-indabeni zenkolo yikholapho kuphela angasindiswa khona ngoba yikholapho kuphela ayabe elungile.

Kuyini ukholo lwethu? UJesu Khristu lelizwi lakhe. Ngaphandle kwakhe akukho omunye. Sikholelwa ukuthi uKhristu oyindodana kaNkulunkuu lokuthi ilizwi lakhe liyikucina, siyalamukela njalo sililandela lodwa sikhuthaza bonke abanye ukuba benze okufanayo, ukholo lomuntu lungakuholela kuphela endaweni eyodwa esihogweni. UJesu wathi “Yimi indlela iqiniso lokuphila, akula ongahamba kuBaba engadlulanga kimi” (Johane 14:6).

Imibuzo

Sicela unike impendulo eqondileyo:

1. Chasisa ngokholo?
2. Amabandla enziwe ngumuntu alani?
3. Tshono ukuthi kuzakwenzakalani kulabo abangezelelayo kumbe abakhusphayo embhalweni?
4. Imbhalo iphelele yini?
5. Yikwiyini okuphelelisiweyo?
6. Kumele sikhulume njani?
7. Kuyadingeka yini amabhuku angeziweyo awomthetho?
8. Kungani izwe lezinkolo lehlukene namhlanje?
9. IBhayibheli lingasehlukanisa yini?
10. Yikwiyini ukholo lwebandla lweNkosi?
11. Imicabango yethu lemicijo yethu ayitsho lutho yini?
12. Silelungelo yini lokuba lokuchasisa kwethu okuyomfihlo?
13. Ukhona yini umuntu ophilayo ongabhala ibhuku elingalingana leBhayibheli?
14. INkosi yanika yini ilungelo ukuthi umuntu abhale ibhuku elizingana leBhayibheli?
15. Ilizwi likaNkulunkulu livela nga phi?
16. Yiliphi ilizwi elizsithonisisa esukwini lokuci na?
17. Kuyini Iqiniso?
18. Umuntu wahamba kubani ukuyadinga uncedo?

19. Yiliphi ibhuku okumele silibale ukuze sithole iqiniso ngebandla?
20. Zinengi yini indlela zokusindiswa?
21. IBhayibheli lifundisani okumele umuntu akwenze ukuze asindiswe?
22. UNkulunkulu ukuvezile yini elizwini lakhe angafuna ukuthi umuntu akwenze lapho emkhonza?
23. IBhayibheli lingazwisiseka yini?
24. Sonke siyalizwisia iBhayibheli ngokufanayo yini?
25. Ngubani oyedwa njalo oyindlela eyodwa yokuya ezulwini?

Isifundo Setshumi Lambili Umlando Webandla

Emthalweni YeMisebenzi 2 yisigaba esimiselwe ukusungulwa loba ukuqala kulebandla lenkosi loba Umbuso. Abapostoli baseJerusalem, uMoya wathululelw phezu kwabo lezizwe ezinengi zazibuthene zimelele njengoba kwakulusuku lwe Phentakhoste. UPhethro labapostoli bamemezelu ukuthi likho kuyikugcwaliseka kwalokho okwatshiwo nguMporofitha uJoweli,ukuthi uKhristu wafa kanjalo. Izinsuku zokucina seziqalile kutshunyayelwa ukuphenduka lokuthethelelw kwezono, abantu abazinkulungwane ezintathu balalela ukutshunyayelwa kwevhangelu njalo bayobhabhathizwa njalo uNkulunkulu wabangezela ebandleni. Khona lasuka eJerusalem ivhangeli lihamba kulolonke elaseJudea kuze kufike eSamaria njalo ekucineni kwazekwaba semikhawulweni womhlaba ukuze zonke izidalwa zezulu lezingaphannsi komhlaba zizwe (IMisebenzi 1:8; Mathewu 28:19,20; Makho 16:15,16; Kholose 1:23).

Ibandla landlondlobala ezinsukwini zabapostoli njalo lasaballa ngokushesha ngemva kokuphenduka kukaPhawuli wathatha uhambo lwezithunwa zevangeli ezintathu kacinanga nje ngokutshumayela ivhangeli kumaJuda kodwa lakwabaseGalathia. Ngenxa yalokho kwabakhona abanengi abaphendukayo amandla ebandla leNkosi amiswa kubo bonke abaseAsia laseEurope kodwa kwakungalula ngenxa yokuthi kwakukhona ukutshutshiswa okukhulu ngenxa yalokhu abafundi bahlakazeka bagcwala indawo yonke betshumayela ilizwi (iMisebenzi 8:1-4). Ngokuhamba kwesikhathi amaRoma asola amaKhristu ngezinkinga zabo ezinengi njalo benza umdlalo ngokubajezia ezinkingeni zabo eRoma njalo wacabanga ilizwe lamaRoma. UPhawuli wacina ebotshiwe njalo wayiswa eRoma ukuze aquliswe icala/ umlando wezizwe usitshela ukuthi bonke abaPostoli ngaphandle kukaJohane babulalelw uholo ngenxa kaKhristu. Amakhulu lezinkulungwane njalo

mhlawumbe izigidi zamaKhristu lazo zalahlekelwa yimpilo.

Ngaphezu kokutshutshiswa ibandla lakhula njalo lasakazeka lagcwalla, kwakungasokuhlukuluzwa okwabangela Ialelo elikhulu ebandleni kodwa yilokhu okwenzekayo ngaphakathi kwebandla ngokwalo, umPostoli uPhawuli wabika ngosuku lweNkosi kwakuyoba ngalo umbuso kaNkulunkulu ebuya ngamanye amazwi. Wathi uyafika lapho amalunga ebandla leNkosi esekhukhulela ephutheni, mayelana lokuza kweNkosi yethu uJesu Khristu lokubuthana kwethu kuye siyalicela bazalwane ukuba lingaphingi likhathazeke kumbe lethuswe ngobunye ubuPhrofethi, umbiko loba incwadi okungathi ivela kithi, kuthiwa usuku lweNkosi solufikile. Lingavumeli muntu elikhohlisa langa yiphi indlela ngoba lolo suku aluyikufika umvikela uze wenzakale lomuntu ongela mthetho abonakaliswe, umuntu omiselwe ukubhujiswa uzaphikisa azikhukhumeze ezintweni zonke ezithiwa NkulunkulU loba ezikhonzwayo aze azihhalise ethempelini likaNkulunkulu amemezele ukuthi yena unguNkulunkulu. Kalsakhumbuli yini ukuthi ngisekini ngangijwayele ukulitshela izinto lezi? Khatthesi selikwazi okumvimbelayo ukuze abonakaliswe ngesikhathi esifaneleyo. Ngoba amandla afihlakeleyo okungabi lamthelo asesebenza kodwa lowow owavimbelayo khathesi uzaqubeka esenza njalo aze asuswe endleleni lapho ke lowo ongela mthetho uzabonakaliswa, lowow iNkosi uJesu ezamuchitha ngomoya womlomo wayo imqede ngenkazimulo yokufika kwayo. Ukufika kwalowo ongela mthetho kuzakuya mayelana lomsebenzi kaSatane obonakaliswa kuzozonke izinhlobo zezimangaliso zamandla kanye lezinhlobo zonke zokubi obukhohlisa ababhubhayo. Bayabhubha ngoba bala ukuthanda iqiniso ukuba basindiswe. Ngenxa yalokhu uNkulunkulu ubehlisela inkohliso elamandla ukuze bakhewe amanga, ukuze balahlwe bonke abangalikholwanga iqiniso kodwa bathokoziswa yikubi (2 Thesalonika 2:1-12). Ekukhulumeni kwakhe labadala bebandla laseEfeso uPhawuli wathi “zilindeni lina kanye lawo wonke umhlambi umoya ongcwele olenze labangabaqapheli bakhe wobani ngabelusi bebandla likaNkulunkulu alithenga ngegazi lakhe. Ngiyazi ukuthi nxo senfgisukile lapha izimpisi eziphangayo zizakuza phakathi kwenu ziwungenele umhlambi laphakathi kwenu kuzaveka abantu abazalihlaneke-la iqiniso ukuze babuyele kubo abanye abafundi. Ngako lihlale liqaphele! Khumbulani ukuthi okweminyaka emithathu angizange ngiphumule ukuxwayisa omunye lomunye wenu ebusuku lemini ngezinyembezi” (iMisebenzi 20:28-31). Njengoba uPhawuli waxwayisa, babekhona ebandleni ababevele bephakeme njalo baqala ukuduhisa abalandeli bakaKhristu abanengi. Umlando wenziwe ukusitshela ukuthi ukwehkukeka kwaqala ngokuhlaselwa kuka-hulumende loba inhangano yebandla. Uhlelo lweNkosi lwaluyikuba ibandla

ngalinye lizimele ngaphandle kwelinye libelabadala balo lamaDikhoni lokho njengoba isikhathi sihamba amanengi ala amabandla aqala ukuphakamisa umkhulu loba uBhishopi oyedwa phezu kwamanye njalo ekucineni avumela omunye walaba baBhishopi ukuba abuse phezulu kwamabandla amanengi. Amabandla lomphumela kwaba yikuthi omunye wagcotshwa ukuba nguBhishopi wendawo yonke phezulu kwebandla lonke, yebo loku akwenzekanga ngokuphazima kweso kodwa phakathi kweminyaka eminengi njalo ngo 606 A.D.

UBhishopu wokuqala wendawo yonke wabayinhloko kumbe ubabawezigaba ezihlubulibandla ,okwaphumelela ebandleni lamaCatholika njengoba silazi lalamuhla. Kwenzakalani ebandleni leNkosi? Abambalwa abathembekileyo baqhubeka mhlawumbe bengananzelelanga bonke kodwa iNkosi yayibathembisile ukuthi umbuso wayo loba ibandla layo lizaba khona kuze kube laphakade ngoba kumele likwenze.

Ngokuphathelene lezwe lezinkolo ibandla lamaKhatholika lalibuso eqinisweni lalilawula umhlabu okweminyaka embalwa engamakhulu azakala ngokuthi yinkathi yobunyama. Lokhu kwakungenxa yokuthi ibandla lamaKhathoika lenqaba ukuvumela ukukhulekela kezwe. IBayibheli lalizafundwa nagabantu abavamileyo. Bethi ngabaPristi kuphele abafanele ukubala lokuqonda iBhayibheki njalo ngaleyondlela babetshela abantu bonke lokhu. IBhayibheli elikufundisayo ngokwemvelo lokhu kwakusitsho ukuthi babetshela abantu lokho ababefuna ukuthi babekwazi kuphela.

Phakathi kwesikhathi lesi lamaKhatholika ehlukana abangama gaja amaRoma lamaGreek nghitsho lemfundiso ezinjengokufakaza komculo wemitsina. Ngokuhamba kwesikhathi ibandla lamaKhatholika ngamaqembu alo lengeza ezinye imfundiso ezinengi ehlelweni lwabo. Ekucineni phakathi kwaamakhulu alitshumi lanhlanu ibandla lamaKhatholika laselonakele kakhulu emfundiswen lasekuziphatheni kunjengokuthi indoda okuthiwa nguMartin Luther yafuna ukulungisa ibandla yena ngokwakhe engumPristi ngakhoke wasexotshwa ebandleni wasetshiya ibandla ukuze afundise njalo enze lokhu ayecabanga ukuthi kulungile kulapho okwaphuma khona ukuthi inhlango yezinguuko loba umvukela njalo kwaphuma lokho esikwaziyo ngokuthi kuyinkolo yalamuhla. Indlela kaLuther yabangela umzamo ezingxenyeni ezinengi zenkolo emhlabeni ukuba babuye. EBhayibhelini phezu kwalokhu abazange baphumelele ngobungcwele.

Emakhulwini alitshumi lesikhombisa lesitshiya ngalombili kwakukhona amehlo eEurope laseAmelika abasebekhathele ngokuhlukana lokudideka. Kancane baqala ukutshiya amaphutha ababekiwo njalo babuyela ngobung-

cwele eBhayibhelini. Isifiso sabo kwakungasikho ukuqala elinye ibandla elitsha kodwa babuyela kulokhu ababengafunda ngakho eBhayibhelini lokho bakwenza njalo kusukela leso sikhathi ukunxuswa kobuKhristu betestamente elitsha okumsulwa kuye kwazwakala emhlabeni wonke ngezigidi zokutshiya imfundiso zabantu ukuze bamane babengamaKhristu lamalunga ebandla leNkosi. IBhayibheli yilo elibaqondisayo yabo.

AmaKhristu ahamba kuzo zonke ingxenye zezwe ukuze bayetshumayela iqiniso bathola ibandla lithembekile njalo selaqalisa eAfrika, India, Russia, Poland lezinye indawo ezinengi. Ngakho lelobandla likhona lamuhla njen-goba lalivele likhona. Akudingeki ukuthi uze ulilande kuze kube sekuqaleni ukuze kubonakale ukuthi lilodwa ibandla leBhayibheli. Isibonelo sebandla siseBhayibhelini ukuba sililandela silibandla leNkosi. Inhlanyelo yilizwi likaNkulunkulu (Lukha 8:11) ngakho ikhiqiza into efanayo lamuhla eyakhiqizwa ezinsukwini zabaPostoli lamaKhristu lamalunga ebandla likaKhristu.Siyazi ukuthi umbuso weNkosi wawuzokuma kuze kubelanini wawukhona endaweni ethize kusukela esukwini eyamiswa naglo njalo uzaqhube ka ukhona kuze kube laphakade kungekho muntu loba uSatane ongawubhidliza wona umbuso weNkosi.Ibandla lakhe lanqoba kusukela ekuqaleni kuze kube sekupheleni njalo ekucineni kuzahlala kuze kube phakade kakhulu ngeNkosi.

Imibuzo

Sicela unike impendulo eziqondileyo:

1. Kungaphi eBhayibhelini esithola khona indaba yokuqalisa kwebandla leNkosi?
2. Kungaphi lapho eliqalisela khona?
3. Bangaki abangezelelwayo ebandleni ngosuku lolo?
4. Kungaphi futhi lapho okwatshunyayelwa ivangeli?
5. Mingaki imisebenzi yohambo eyayenziwa nguPhawuli?
6. UPhawuli watshumayeza amajuda wodwa yini?
7. Yiziphi indawo ezimbili okwaqalisa ibandla ngemisebenzi kaPhawuli?
8. Yikuyini okwenziwa ngabafundi lapho begcwele phetsheya?
9. Ngubani owavikela ibandla leNkosi?
10. Bangaki abafundi ababulawayo ngenxa yokukholwa kwabo?
11. Ibandla lakhula yini kulomvukela lowo?
12. Yikuphi uPhawuli owakuxwayisayo ngokuzayenzakala ezikhathini ezi-buyayo?

13. Kwaqalisa nini ukuhlaselwa kwebandla?
14. Kuyini okwayenzakalayo ngo606 A.D.?
15. Kuyini okwenzakalayo ngebandla leNkosi?
16. Kungani iminyaka engamakhulu alandelayo ayebikwa ngokuthi ubunya-ma besikhathi?
17. Yiziphi ingaja ezimbili amaKhatholika ehlukanelu kuzo?
18. Qamba indoda eyayifuna ukulungisa ibandla leKhatholika?
19. Kungani wacabanga ukuliguqula?
20. Kuyini okukhulu ngohambo olwavela kulokhu?
21. Baphumelela yini ngokubuyela eBhayibhelini?
22. Kuyini okwenzakalayo emakhulwini alitshumi lesikhombisa letshumi lesitshiya galo mbili?
23. Abantu laba baqalisa ibandla elitsha yini sebebuyile eBhayibhelini eling-umphetho webandla leNkosi?
24. Ibandla leli lafunyanwa yini ngamaKhristu kwezinye indawo emhlabeni?
25. Ibandla likaKhristu lisakhona yini lamahlanje?

Isifundo Setshumi Lantathu Ibandla Namuhla

Ibandla lenkosi libandlululwe iminyaka efika izinkulungwane ezimbili (Imisebenzi) kodwa likhona kuze kube lanamuhla. Kodwa lokhu kungabanjani” usungabuza. Ngokulandela nje izenzo zetestamenti elitsha.

Abanye balombono wokuthi ukuze sifakazele ukuthi ibandla lanamuhla lisuka ekubandlulweni yiNkosi kumele silandele umnyaka lomnyaka si-yabuyela emuva sisukela kulanga lePhentekoste. Kodwa lokhu akusiqiniso. Okukuqala sizwa inkosi isithi umbuso kumbe ibandla alisoze labhidlizwa kodwa lizakuma kuze kube laphakade (Danyeli 2:44; Lukha 1:33; Hebheru 12:28). Lokhu kutsho ukuthi ibandla liphile emhlabeni kusukela ekuqaliseni kuze kube lanamuhla. Akumelanga liphile yonkendawo ukuze lokhu kube liqiniso. Isigaba esilandelayo silentanga yombuso (Lukha 8:11) olondolozwa kutestamente entsha. Nxa lazala amakristu ngamalanga abapostoli, liza zala amakristu lanamuhla. Nxa labo ababa ngamakristu ngamalanga abaApostoli bakha ibandla ngesikhathileso, kuzabanjalo lesikhathin esikiso. Kungenzeka ukuthi ibandla leNkosi liphile lapho okuphila khona itestamente elitsha, kuni-kezwe ukuthi labo abalalo bazakwenza lokho elikukhulumayo.

Unkulunkulu wanika abantu indlela yokulandela. Wanika uNoah indlela yokwakha ngayo umhkumbi (UGenesisi 6) Wanika uMose indlela ye-

thebhanekele, ngesixwayiso “Nakekela ukuze uwakhe izinto zonke ngendlela engakutshengisa ngayo entaben” (Hebheru 8:5) Ngokunjalo ithestamente elitsha kuvumbuluke indlela emsulwa ydbandla leNkosi. Njengo Nowa loMose babekhangelelwe ukulandela indlela abayinkwayo, lathi kumele silandele indlela yebandla. Njalo njengoba uNoah loMose balandela indlela yomkhumbi lethebanekele, uNkulunkulu wajabula ngemphumela, lathi singalandela indlela yebandla , uNkulunkulu uzajabula ngemphumela njengoba ibandla liphila njengokuloba kwakhe, kungaphungulwanga kumbe ukungezelelwa (Isambulelo 22:18,19).

Uphawu lonke lokuhlonza ibandla lulotshwe phansi kuthestamente elitsha ngokucacile. INkosi itshengisa ibandla ukuthi lona liyini, ngubani owallibandlululayo, njalo nini, ibizo elazala ngalo, amabizo abazalwane, ungaba ngumzalwane njani, lidunyiswa njani, lomsebenzi walo. Likhuluma ukuba umholi ngubani, lathengwa ngemalini, umsindisi walo, etc. Kalitshiyi isibanga sokungabaza ukuthi sona siyini lokuthi sisebenza njani. Indlela yakhona iyakhanya njengoba iliziwi likaNkulunkulu likhanya.

Okumele sikwenze yikubala kabanzi iBhaibhili ukuze sazi iqiniso ngebandla elilotshwe ebhaibhilini. Singafunda iqiniso ngalo, sililandele, ngokunjalo sizaba ngab phathi kulo, ngokunjalo kubandla lelo elabandlululwa nguKristu ngokwakhe. Intanga izala ngohlobo lwayo njalo ilizwi likaNkulunkulu lizazala amaKristu labaphathi bebandla leNkosi namuhla ngendlela okwakuyiyo yona kudala.

Ibandla likaKristu lingatholakala elizweni lonke jikelel. Liphapha layo yonkendawo. Lingaphila kuyoyonke indawo njalo ngesikhathi siphi ukuze umuntu enze konke okufundiswa libhaibhili. Lizkuma ukuphila endaweni lapho abantu abama khona ukwenza intando kaNkulunkulu.

Ibandla likaKristu liyakhula namuhla njalo lihamba kabanzi ngoba lilandela ibhaibhili kuphela. Liyehlulela ukuphazamisana liphakamise uKristu. Leli yilo ibandla lodwa ongabala lodwa ebhaibhilini. Kaliso hlelo kumbe inhlelo. Kalisoprotestanti, ikatolika kumbe amahlelo. Lona liyini? Libandla leNkosi kuphela.

Ibandla leNkosi kalila mkhokheli wasemhlabeni kumbe ekomkhulu yemhlabeni. Kayiphakamisi muntu ngokunjalo. Kalila nhlangano ebunjwa ngokuhlakanipha kwenyama. Ibandla lonke likhululekile ngenhlanganiso yabadala lamagosa, abatshumayeli, labaphathi. Umphathi oyedwa kaphakwanyiswa phezu kwabanye jengoba ibandla lingela abafundisi kumbe abavamile.

Ibandla likaKristu lihlezi lilezitha njalo lilezitha lanamuhla. Imihlan-

gano yenhlanganiso zenkolo zamadoda ziyaphika ngoba bayala ibandla el-ingalandeli isibonelo sabo. Bayala ibandla ngoba kalisoze likhonze labo njalo libanikeze ukuphazima kukaNkulunkulu. Bayakubona ukuthi kulomuntu ozama ukulandela ibhaibhili kuphela, bona belandela imfundiso zabantu. Bayaqaphela ukuthi ibandla lasebhaibhilini lilandela uKristu njalo bagqoka ibizo lakhe, kodwa bona balandela imfundiso zabantu njalo begqoka amabizo abantu. Izikhali zabo ezimelene lebandla likaKristu kazisoqiniso, kodwa kugoqelaa ukulahlisa imoya yabantu etc. kodwa izithukuthuku zabo ziyize. Ibandla leNkosi liyanqoba eminyakeni. Izitha zelizwe lonke jikelele layo yonke imimoya emibi yaseshogweni kayenelisi ukulinqoba. Lingaba lincane ngokubalwa siqathanisa ngalabo abali gombolozeleyo, kodwa bazaba ng-abalutshwana abazakusindiswa (Mathewu 7:13,14) UKristu ulebandla eliodwa njalo uzabuya ngelinye ilanga kulanalelo bandla eliodwa (KwabaseF-esu 5:27; Johane 14:1-6). Yena yiNkosi wombuso wakhe njalo uzabuya kulo elinikeze unkulunkulu (1 kwabaseKhorinte 15:24). Wathi ulomakoti oyedwa (Isambulo 21:9) njalo uyeza ngelinye ilanga ukuzkwamukela umakoti, lo ogqoke ibizo lakhe. Abanye ke? Uzakuthi kubo kabazi. Uzabasuphuna (Matteu 15:13) Bazabuthaniswa bajikelwe emlilweni.

Isicelo sethu namuhla ngesiKristu esimsulwa seThestamente entsha. Buyaelani kulizwi likaNkulunkulu libe ngumhlahlandlela. Yazi ibhaibhili uz-abakwazi iqiniso. Yenza elikutshoyo uzakusindiswa ubalwe ibandleni leNkosi, lelo olibala ebhaibhilini.

Nxa ungasosiphathi sebandla likaKristu siyakuxwayisa ukuthi ube yisiphathi. Kholwa kuNkulunkulu, phenduka, uvume uKristu njengomntaka Nkulunkulu njalo ubhbhatizwe ukuze usindiswe (Makho 16:16; KwabaseRoma 10:10; Imisebenzi 2:38). Kanjalo iNkosi izkubala ebandleni layo njalo uzaba liKristue eliqotho (Imisebenzeni 2:47, Imisebenzi 11:26) uzakwenza na? Akula muntu ozakuqhopholela ukuthi ukwenze lokhu, kodwa ungafund aibhaibhili lakho silokholo lokuthi uzafuna ukuba liKristu uphile impilo yaho yonke uphilela iNkosi, uhambise umbuso wezulu phambili.

Imibuzo

1. Ibandla libandlululwe nini?
2. Liyaphila na ibandla namuhla?
3. Kumele umuntu edinge insusa yebandla kusukela iminyaka elikhulu eyad-lulayo ukuze kutshengiswe ukuthi kulibendla leNkosi na?
4. Inkosi yathi umbuso uzakuma isikhathi esinganani?
5. Yini intanga yombuso?

6. Intanga yombuso izazalani?
7. Unkululunkulu wathini kuNowa loMose?
8. Ingaphi indlela yebandla leNkosi?
9. Angaphi amabala okukhomba ibandla leNkosi?
10. INkosi ithini ngebandla?
11. Singabawkazi njani ibandla leqiniso lebhaibhlini?
12. Ibandla likaKristu lingatthalakala ngaphi namuhla?
13. Ibandla lihlelo na?
14. Lilabaholi basemhlabeni na?
15. Yiziphi izitha zebandla?
16. Izikhali zakhona yiziphi?
17. Ibandla liyanqoba na ngeminyaka?
18. UKristu uphedukelani?
19. Isicelo sethu ngesani?
20. Nika izibanga ezikhangelewa ukuthi umuntu alandele ukuze abe liKristu kumbe ngumphathi webandla?

Gombolozela iqiniso kumbe amanga

- | | |
|-------------------|---|
| Liqiniso Ngamanga | 1. Ibandla elakhiwa nguKristu liyaphila lanamuhla. |
| Liqiniso Ngamanga | 2. Kulebandla elilodwa. |
| Liqiniso Ngamanga | 3. Ligqoke ibizo lokuthi Kristu. |
| Liqiniso Ngmanga | 4. Umuntu kumele kumele ebe ngumphathi ukuze asindiswe. |
| Liqiniso Ngamanga | 5. UKristu uzaphendukela ibandlangeline ilanga. |